



## A call to action

By Zukiswa Wanner

As 2017 wound down, South Africa heard news that broke our collective hearts. A report by Progress in International Reading Literacy Study (PIRLS) alerted us that 78% of South African children in Grade 4 cannot read for meaning in any language. How do we turn this around?

According to the National Academy of Education and National Institute of Education, reading aloud has been shown to be the single most important activity for building the knowledge required for eventual success in reading.

Every year, since Nal'ibali started their World Read Aloud Day activities in 2013, a South African author has been commissioned by the campaign to write a special story that is translated into all 11 official South African languages. Everyone across the country can then read this story aloud to their children, their neighbours' children, and children at libraries on that particular day.

Each year, the numbers of those who take part in World Read Aloud Day has increased with the numbers rising steadily from 13 401 in 2013 to an incredible 719 627 last year. In 2017, Nal'ibali was lucky enough to have Buhle Ngaba, Mohale Mashigo, Hlubi Mboya and Sindiwe Magona reading aloud to some of the children.

World Read Aloud Day 2018 took place on 1 February and I was honoured to be the writer of this year's story, *The final minute*. I came home so that I could read it to 1 000 children in Soweto.

I called on all public figures, educators, parents, grandparents, aunts, uncles and cousins, and all South Africans of goodwill, to take some time from their day on 1 February to read aloud to the children in their lives. Illiteracy will not end just through doing this, but it is a good way to start reducing it. More so if those of us who take part in World Read Aloud Day commit to reading aloud to children more frequently.

For my part, I have committed to read aloud to children at least once every two weeks during the four months I will be home from 1 February until 31 May. I want to play my part in ensuring that when PIRLS does the next report on literacy, there will be more children who can read, and that children will read because they enjoy it. I hope you, fellow South Africans, will join me.

## Isimemo sokwenza umnyakazo

NguZukiswa Wanner

Ngenkathi sekusongwa owezi-2017, iNingizimu Afrika izwe izindaba eziphela izinhliziyo zethu sonke. Umbiko ngabakwa-Progress in International Reading Literacy Study (PIRLS) usixwayise ngokuthi ama-78% ezingane zaseNingizimu Afrika eziseBangeni lesi-4 azikwazi ukufundela ukuqondisa nganoma yiluphi ulimi. Sikuguqula kanjani-ke lokhu?

Ngokwabakwa-National Academy of Education nabakwaNational Institute of Education, ukufunda kuzwakale kusobala ukuthi yiyona kuphela into engenziwa ebaluleke kakhulu ekwakheni ulwazi oludingekayo ukuphuthula ngempumelelo ekufundeni okubhaliwe.

Njalo ngonyaka, ukusuka uNal'ibali aqala ngemisebenzi yakhe yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale ngowezi-2013, umbhali waseNingizimu Afrika uqashwa ngabomkhankaso ukuthi abhale indaba ekhethekile bese ihunyushelwa kuzo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Wonke umuntu ezweni lonkana angakwazi ukufunda le ndaba kuzwakale efundela izingane zakhe, izingane zomakhelwane bakhe, kanye nezingane emitatsheni yezincwadi ngalolo suku.

Njalo ngonyaka, inani lalabo ababamba iqhaza ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale likhulile ngezibalo ezikhuphuka kancane zisuka ezi-13 401 ngowezi-2013 ziya kuzi-719 627 ezingakholakali ngonyaka owedule. Ngowezi-2017, uNal'ibali waba nenhlalaha yokuba athole uBuhle Ngaba, uMohale Mashigo, uHlubi Mboya noSindiwe Magona ukuba bafundele ezinye zezingane kuzwakale.

USuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale lwangowezi-2018 lwenzeka mhla lu-1 kuNhlolanja kanti ngazizwa ngihloniphekile ngokuba wumbhali wendaba yanonyaka, *Umzuzu wokugcina*. Ngeza ekhaya ukuze ngikwazi ukuyifundela izingane eziyi-1 000 eSoweto.

Ngacela bonke abaholi bomphakathi, othisha, abazali, omkhulu nogogo, o-anti, omalume nomzala, nabo bonke abaseNingizimu Afrika abanobubele, ukuthi bathathe isikhathi esithile osukwini lwabo mhla lu-1 kuNhlolanja ukuthi bafunde kuzwakale ezinganeni abaphila nazo. Ukungakwazi ukufunda nokubhala angeke kuphelele ngokwenza lokhu nje kuphela, kodwa kuyindlela enhle yokuqala ukukunciphisa. Kuyoba ngcono ngaphezu kwalokho uma thina esibamba iqhaza ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale sizinikela ekufundeni kuzwakale ezinganeni ngokuphindaphindiwe.

Ngakolwami uhlangothi, ngizinikele ukufunda kuzwakale ezinganeni okungenani kanye njalo emasontweni amabili kulezi zinyanga ezine engizobe ngikhona ngazo ekhaya ukusuka lu-1 kuNhlolanja ukuya zingama-31 kuNhlaba. Ngifuna ukudlala indima yami ekuqinisekiseni ukuthi ngenkathi abakwa-PIRLS benza umbiko olandelayo wokufunda nokubhala, kuyobe kunezingane eziningana ezikwazi ukufunda, nokuthi izingane zizofunda ngoba ziyakuthokozela lokho. Ngiyethemba ukuthi nina, balingani bami baseNingizimu Afrika, nizohlanganyela kanye nami.

★ Read our report on World Read Aloud Day 2018 on pages 2 and 3.

★ Read our interview with Zukiswa Wanner on page 13.


★ Funda umbiko wethu ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale lwangowezi-2018 ekhasini lesi-2 nelesi-3.

★ Funda ingxoxo yethu noZukiswa Wanner ekhasini le-13.



Drive your imagination

Join us. Be a literacy role model.  
Hlanganyelani nathi.  
Yibani yisibonelo sokufunda nokubhala.





## Nal'ibali news

Each year on World Read Aloud Day, Nal'ibali reminds everyone who lives in South Africa about the benefits of reading aloud to children. And we've been reading to more and more children each year.

When we first started in 2013, 13 401 children were read to. And this year – five years later – over a million children across the country were read to! That's a new record for Nal'ibali and South Africa!

In preparation for World Read Aloud Day on 1 February 2018, we produced a special story, *The final minute* (written by Zukiswa Wanner and illustrated by Rico) that featured the Nal'ibali characters, Neo, Mbali and Priya. The story was available in all 11 official languages. (You can still find the story on our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).) Nal'ibali also partnered with Blind SA to produce a version of the story in Braille, and with Sign Language Education and Development (SLED) to make a digital video in South African Sign Language.

Read-aloud sessions were held by members of the public, the campaign's national network of literacy activists called FUNda Leaders, Nal'ibali's own Literacy Mentors who support over 1 000 reading clubs in six provinces, as well as fellow NGOs and other partners. Photographs and information about these sessions was shared on Nal'ibali's Facebook page and Twitter feed as they took place on the day, to allow children and adults in different parts of the country to connect and share in the joy of this nationwide event.

This year, Nal'ibali's main event was held in collaboration with the Department of Basic Education and took place at the Mofolo Cultural Bowl in Mofolo Park, Soweto. Things got started at 10 a.m. when a thousand children from nearby schools – Moetapele Primary School, Nka-Thuto Primary School, Shalom-Manne Primary School, Tlhatlogang Secondary School and Thabisang Primary School – arrived at the park.

FUNda Leader and storyteller, Bongani Godide, opened the event, and Nal'ibali's Managing Director, Jade Jacobsohn, welcomed everyone before Enoch Rabotapi from the Department of Basic Education gave a speech. Then it was the turn of the Nal'ibali team from Gauteng to get everyone to have fun by singing some action songs.

YOTV presenter, Ofentse Tlou, gave a motivational talk encouraging the children to keep going to school. Soccer players from Orlando Pirates gave a short speech about how being a good soccer player and a reader require the same thing: discipline. Then it was the moment that everyone had gathered for – to listen to our special story being read aloud by its author, Zukiswa Wanner. Zukiswa read the story in English, while Bongani read it in isiZulu and Nal'ibali's PR and Events Co-ordinator, Petunia Thule, read it in Sesotho.

Before the children went back to school, they each collected a copy of the Nal'ibali World Read Aloud Day Supplement and the storybook, *Refilwe*, by Zukiswa Wanner to take with them. It was a fun and inspiring World Read Aloud Day!

## Izindaba zikaNal'ibali

Onyakeni ngamunye ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale, uNal'ibali ukhumbuza uwonkewonke ohlala eNingizimu Afrika mayelana nezinzuzo zokufundela izingane kuzwakale. Kanti thina besifundela izingane isibalo sazo ebeside sikhula unyaka nonyaka.

Ngenkathi siqala ngqa ngowezi-2013, kwakufundelwa izingane eziyi-13 401. Nakulo nyaka – ngemva kweminyaka emihlanu – yizingane ezingaphezu kwesigidi ezweni lonkana ezafundelwa! Lelo yirekhodi elisha likaNal'ibali kanye neNingizimu Afrika!

Ukulungiselela USuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale ngomhla lu-1 kuNhlolanja ngowezi-2018, sikhiqize indaba ekhethekile, *Umzuzu wokugcina* (ebhalwe nguZukiswa Wanner yadwetshelwa imifanekiso nguRico) enabalingiswa bakwaNal'ibali, uNeo, uMbali noPriya. Indaba ibitholakala ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni. (Usengaphinde uyithole indaba kusizindalwazi sethu esithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).) UNal'ibali waphinde wahlanganyela nabakwa-Blind SA ukulungiselela ushicilelo lwendaba ngohlelo lwabafunda ngezandla (iBhreyili), kanye nenhlango ye-Sign Language Education and Development (SLED) ukwenza ividiyo eyidijithali ngoLimi Lwezimpawu LwaseNingizimu Afrika.

Imihlangano yokufunda kuzwakale yabanjwa ngamalungu omphakathi, uchungechunge lomkhankaso kazwelonke lwezishosho zokufunda nokubhala ezibizwa ngama-FUNda Leaders, aBelekeleli Bokufunda Nokubhala bakwaNal'ibali abasekela amathimba okufunda angaphezu kwe-1 000 ezifundazweni eziyisithupha, kanjalo nabalingani bezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni kanye nabanye nje abalingani. Izithombe nolwazi mayelana nale mihlangano kwabelwana ngakho ekhasini likaNal'ibali le-Facebook kanye nelika-Twitter okufakwa njalo ngalo lolo suku okusuke kwenzeka ngalo, ukwenzela izingane nabadala ezingxenyeni ezahlukene zezwe ukuthi baxhumane futhi babelane ngalesi sehlakalo sikazwelonke.

Nonyaka, umcimbi omkhulu kaNal'ibali wabanjwa ngokuhlanganyela noMnyango Wemfundo Eyisisekelo futhi wabanjelwa eMofolo Cultural Bowl eMofolo Park, eSoweto. Izinto zaqala ngele-10 ekuseni ngenkathi izingane eziyinkulungwane eziphuma ezikoleni ezingomakhelwane – Isikole Samabanga Aphansi iMoetapele, eSamabanga Aphansi eNka-Thuto, eShalom-Manne, eSamabanga Aphezulu eTlhatlogang kanye neSamabanga Aphansi eThabisang – zifika epaki.

I-FUNda Leader nomxoxi wezindaba, uBongani Godide, wavula umcimbi, kwathi uMqondisi Ophethe kaNal'ibali, uJade Jacobsohn, wamukela bonke abantu ngaphambi kokuthi u-Enoch Rabotapi ophuma eMnyangweni Wemfundo Eyisisekelo ethule inkulomo. Emva kwalokho kwase kuba yithuba lethimba likaNal'ibali eliphuma eGauteng ukwenza wonke umuntu athokoze sekuculwa izingoma ezithile ezihambisana neminyakazo.

Umetshuli wohlelo lweYOTV, u-Ofentse Tlou, wenze inkulomo ekhuthazayo egqagqazela izingane ukuthi ziqhubeke nokuya esikoleni. Abadlali bebhola abaphuma ku-Orlando Pirates bethule inkulomo emfishane ngokuthi ukuba wumdlali omuhle nokuba wumfundi kudinga into efanayo: ukuziphatha ngokuziqoqa. Emva kwalokho kwase kuba yisikhathi wonke umuntu abesihlanganele lapho – ukulalela indaba yethu ekhethekile lapho umbhali wayo, uZukiswa Wanner, eyifunda kuzwakale. UZukiswa ufunde indaba ngesiNgisi, kanti uBongani uyifunde ngesiZulu, kwase kuthi onguMxhumanisi Nomphakathi noMhleli Wemicimbi wakwaNal'ibali, uPetunia Thule, yena wayifunda ngesiSuthu.

Ngaphambi kokuthi izingane ziphindele esikoleni, ngayinye ithathe ikhophi yeSithasiselo sikaNal'ibali soSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale kanye nencwadi yezindaba ethi, *URefilwe*, ebhalwe nguZukiswa Wanner ukuze ihambe nakho. Bekungolumnandi nolukhuthazayo USuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale!

We did it ...

# Thank you!

Together, on World Read Aloud Day, we read to

## 1 294 345

children across South Africa!

Sikwenze kwenzeka ...

## Siyabonga!

Sindawonye, ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale, sifundele izingane eziyi-

## 1 294 345

kulo lonkana elaseNingizimu Afrika!





Drive your  
imagination





Daniel Born



Children and teachers from Thabisang Primary School arriving at Mofolo Park.

Izingane nothisha baseSikoleni Samabanga Aphansi eThabisang ngenkathi befika eMofolo Park.

Daniel Born



Children enjoying the World Read Aloud Day event.

Izingane ngenkathi zithokozela umcimbi woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale.

Daniel Born



Orlando Pirates players joining in the fun.

Abadlali be-Orlando Pirates behlanganyela ebumnandini.

Daniel Born



Children following along in their own copies of *The final minute* while Zukiswa Wanner reads her story.

Izingane nazo zilandela kumakhophi azo endaba ethi *Umzuzu wokugcina* ngenkathi uZukiswa Wanner efunda indaba yakhe.

Daniel Born



YOTV presenter, Ofentse Tlou, and Neo entertaining the crowd.

Umethuli wohlelo lweYOTV, u-Ofentse Tlou, noNeo bethokozisa izihlwile.

Daniel Born



Zukiswa Wanner reading her story to everyone.

UZukiswa Wanner efundela wonke umuntu indaba yakhe.

Daniel Born



Everyone went home with something to read.

Wonke umuntu waqonda ekhaya ephethe okuthile azokufunda.



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Mrs Penguin's Perfect Palace* (pages 5 to 8, 11 and 12), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.



Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Indawo efanelekile kaNkk Phengwini* (amakhasi 5 kuya kwelesi-8, ele-11 nele-12), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngo-*Twitter* ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.





# Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *Mrs Penguin's Perfect Palace* (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Titilope's silly game* (pages 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Busi's gift* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



## Mrs Penguin's Perfect Palace

The Penguin family lives on the beach, surrounded by rubbish. One day, Mrs Penguin decides she needs a proper home. But how will they build one?

Write a review of this story and stand a chance of winning some books! See page 3 for details.

- ★ After you have finished reading the story, have a discussion with your children. You could ask questions like those below. Remember to always encourage your children to explain the reasons for their opinions.
  - ✿ How many homes did the penguins build?
  - ✿ Let's look and see what materials they used to build each one. (Together look at pages 6, 10, 16, 17 and 23.)
  - ✿ Each time the penguins worked together to build a home. Who do you think was the leader?
  - ✿ Do you think everyone worked equally hard?
  - ✿ How would you feel if someone in your group didn't work as hard as you? What would you do?

- ★ Give your children lots of different kinds of materials and suggest that they make one of the three homes in the story. Here are some ideas for materials: glue, paint, bottle tops, tin foil containers, small and medium cardboard boxes, match boxes, polystyrene trays and cups, wool, wrapping paper, coloured paper, playdough, clay, shells, thin sticks, leaves, acorns and sand. (If you are doing this activity at your reading club or in your classroom, encourage the children to work together in pairs or groups, just like the penguins in the story did!)

- ★ Ask your children to think about their dream home and then to draw a picture of it. Afterwards let the children tell you about their pictures.

## Titilope's silly game

Titilope is a little girl who enjoys playing with wasps. Even though her mother tells her not to and warns her that the wasps could sting her, Titilope still finds a way to play with them.

- ★ Before you read the story, talk to your children about what it feels like to be stung by a wasp or a bee. If they have been stung before, let them share their experiences.
- ★ After you have read the story, talk about the lessons that you and your children think Titilope may have learnt.
- ★ Encourage your children to write a letter (or note) that Titilope may have written to her mother after she had recovered from being stung by the wasps. Then write the letter/note her mother may have written back to Titilope!



## Busi's gift

Busi is a very happy frog, except for one thing – she looks different than all the other frogs because one of her back legs is extra long and thick. Busi doesn't like looking different. Then one day, a little girl needs Busi's help to escape from a cruel eagle, and Busi learns that the thing she likes least about herself, is actually a special gift!

- ★ Encourage your children to use playdough or clay and other materials to create a scene from the story. Then let them tell you about the scene they have created as well as what happened before and after it.
- ★ Have fun jumping around like frogs, or playing a jumping game you know.



# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili zemifanekiso ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Indawo efanelekile kaNkk Phengwini* (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12) nethi, *Umdlalo oxakile kaTitilope* (amakhasi 9 nele-10), kanye nendaba yeKhona lezindaba ethi, *Isipho sikaBusi* (ikhasi 15). Khettha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

## Indawo efanelekile kaNkk Phengwini

Umndeni wakwaPhengwini uhlala ebhishi, uzungezwe yimfucuza. Ngolunye usuku, uNkk Phengwini wanquma ukuthi udinga ikhaya elifanele. Kodwa babezolakha kanjani-ke?

Bhala iqoqa elihlaziya le ndaba uzibekhe emathubeni okuthola imiklomelo yezincwadi! Bhaka ekhasini lesi-3 ukuthola eminye imininingwane.

- ★ Ngemuva kokuthi usuqedile ukufunda indaba, yiba nengxoxo nezingane zakho. Ungabuza imibuzo efana naleyo engezansi. Khumbula ukukhuthaza njalo izingane zakho ukuba zichaze izizathu zemibono yazo.
  - ✿ Ngabe akha imizi emingaki amaphengwini?
  - ✿ Masibheke sibone ukuthi yiziphi izinto zokwakha azisebenzisile ukwakha indlu ngayinye. (Nindawonye bhekani amakhasi 6, 10, 16, 17 nelama-23.)
  - ✿ Ngesikhathi ngasinye amaphengwini ayesebenza ndawonye ukwakha ikhaya. Ucabanga ukuthi ngubani owayengumholi?
  - ✿ Ucabanga ukuthi bonke basebenza ngokuzikhandla ngokulinganayo?
  - ✿ Ubungaphatheka kanjani uma kunothile eqenjini lakho ongasebenzi ngokuzikhandla njengawe? Ubungenzenjani?

- ★ Nikeza izingane zakho izinhlobo ezahlukahlukeni zokungasetshenziswa bese uphakamisa ukuthi zenze owodwa kwemithathu imizi esendabeni. Nawa amanye amacebo ngalokho okungasetshenziswa: isinamathelisi, upende, izivalo zamabhodlela, iziqukathi zefoyili yethini, amakhadibhodi amancane naphakathi nendawo ngobukhulu, amabhokisi kamentshisi, amathileyi nezinkomishi zepholisterini, iwuli, iphepha lokusonga, amaphepha emibala, inhlama yokudlala, ibumba, amagobolondo, izinti ezincane, amacembe, ama-akhoni nesihlabathi. (Uma ngabe nenza lo msebenzi ethimbeni lakho lokufunda noma egumbini lakho lokufunda, khuthaza izingane ukuthi zisebenze ngazimbili noma ngamaqembu, njengoba amaphengwini enzile endabeni!)
- ★ Cela izingane zakho ukuthi zicabange ngekheya lazo lamaphupho bese zidweba isithombe salo. Ngemva kwalokho izingane mazikuxoxele ngezithombe zazo.

## Umdlalo oxakile kaTitilope

UTitilope yintombazanyana ekuthokozelayo ukudlala ngeminyovu. Nakuba unina emtshela ukuthi awuyeke lo mdlalo futhi emexwayisa ukuthi iminyovu ingamntinyela, uTitilope usayithola indlela yokuyodlala ngayo.

- ★ Ngaphambi kokufunda indaba, khuluma nezingane zakho ngokuthi kuzwakala kanjani ukuntinyelwa wumuvu noma yinyosi. Uma ngabe zake zantinyelwa ngaphambilini, mazabelane ngolwazi lwazo.
- ★ Ngemuva kokufunda indaba, xoxani ngezifundo wena nezingane zakho enicabanga ukuthi uTitilope ngabe uzifundile.
- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale incwadi (noma umyalezo) uTitilope angabe uyibhalele unina ngemuva kokusinda ekuntinyelweni yiminyovu. Emva kwalokho bhala incwadi/noma umyalezo okungabe unina uwubhalile ephendula okaTitilope!

## Isipho sikaBusi

UBusi uyixoxo elithokoze kakhulu, ngaphandle kwento eyodwa nje – ubukeka ehlukile kuwo wonke amanye amaxoxo ngoba omunye wemilenze yakhe yangemuva mude kakhulu futhi uligqinsi. UBusi akakuthandi ukubukeka ehlukile. Ngolunye usuku, intombazanyana yayidinga usizo lukaBusi ukuze iphunyuke okhazini olunonya, kanti uBusi usezofunda ukuthi into angayithandi ngaye, eqinisweni iyisipho esikhethekile!

- ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zisebenzise inhlama yokudlala noma ubumba kanye nezinye izinto ukwakha isigameko esiphuma endabeni. Emva kwalokho mazikuxoxele ngesigameko ezisakhile, nokuthi yini okwenzekile okusandulele nokusilandele.
- ★ Thokozani ngokugxumisa okwamaxoxo, noma nidlale umdlalo wokugxuma eniwaziyo.

## Create TWO cut-out-and-keep books

### Titilope's silly game

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

### Mrs Penguin's Perfect Palace

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



## Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

### Umdlalo oxakile kaTitilope

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.

### Indawo efanelekile kaNkk Phengwini

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele imigqa yamachashazi abomvu ukwehlukanisa amakhasi.



Drive your imagination





“I can’t think of anything,” said Sissie. “It’s too hard.”

“We haven’t got any cement,” said Boetie. “You can’t build a proper house without cement.”

“I’m hungry,” said Gobbles.

Mrs Penguin sighed. She was never going to get her home.

“Angicabangi lutho olunye,” kusho uSisi.


“Kulukhuni kakhulu.”

“Asinawo ngisho usimende,” kusho uBhuti.

“Ngelke ukwazi ukwakha indlu eqinile ngaphandle kukasimende.”

“Mina ngilambile,” kusho uMagwinya.

UNkk Phengwini waphethefumula phezu. Wayengeke alithole ikhaya lakhe.




“We’ll try again,” said Mr Penguin.

“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini.

# Mrs Penguin’s Perfect Palace


## Indawo efanelekile kaNkk Phengwini

Helen Brain  
Celeste Beckerling



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)


Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)







“I wish I had a HOUSE!” said Mrs Penguin.  
“I don’t like living in rubbish.”

“Ngifisa sengathi ngabe NGINENDLU!”  
kusho uNkk Phengwini. “Angikuthandi  
ukuhlala emfucuzeni.”

Mrs Penguin was cross. “I’m not doing any more  
work,” she said.

UNkk Phengwini wacasuka. “Angisezukuwenza  
omunye umsebenzi,” kusho yena.



Mrs Penguin clapped her flippers. “Thank you,” she  
said. “It’s Mrs Penguin’s Perfect Palace.”

UNkk Phengwini washaya amaphikwana akhe.  
“Ngiyabonga,” kwasho yena. “Yisigodlo esifanelekile  
sikaNkk Phengwini.”



“Just look at all this mess,” she said.

“Awubheke nje wonke lo doti,” kusho yena.

Khona manjalo uNkk Phengwini wafikelwa wumbono.



Then Mrs Penguin had an idea.

Ekugcineni isithabathaba saphela ... kodwa kwafika umoya wasiphaphula.  
At last the mansion was finished ... but the wind came up and blew it over.



“Welcome to your palace,” said Mr Penguin.  
“Siyakwamukela esigodlweni sakho,” kwasho uMnu Phengwini.



“Dear Mrs Penguin,” said Mr Penguin. “We will build you a castle.”  
“Nkk Phengwini othandekayo,” kusho uMnu Phengwini. “Sizokwakhela isigodlo.”





“I’m still hungry,”  
said Gobbles.  
“Mina ngisalambele,”  
kwasho uMagwinya.




“The measurements are wrong,” said Boetie.  
“Ukukala kwakhona kunephutha,” kusho uBhuti.



So the Penguin family  
set to work.  
“The sand is making me  
itch,” grumbled Sissie.  
Ngakho umndeni  
wakwaPhengwini  
waqala ukusebenza.  
“Isihlabathi singenza  
ngilunywe,”  
kukhononda uSisi.



“The measurements are  
wrong,” said Boetie.  
“Ukukala kwakhona  
kunephutha,”  
kusho uBhuti.



“Sissie, find nets.”  
“Sisi, thola amanetha.”



“Boetie, fetch wood,” she said.  
“Bhuti, landa izigxobo,” kusasho yena.



So they worked and  
worked and worked  
and worked ...

Ngakho basebenza,  
basebenza,  
basebenza ...

... and at last the home  
was finished.

... kwathi  
ekugcineni  
ikhaya laqedwa  
ukwakhiwa.





“Mama, ngizizwa ngingaphile,” kwasho uTitilope ngolunye usuku. Wayefuna ukuhlala ekhaya adlale ngeminyovu. Masinyane nje ngemuva kokuba umama wakhe ahambe, uTitilope waphuma ezingutsheni.



“Mama, I am feeling sick,” said Titilope one day. She wanted to stay at home and play with the wasps. As soon as her mother left, Titilope crept out of bed.

She saw two wasps on a nest. She moved closer and closer ...  
Wabona iminyovu embili esidlekeni. Wasondela eduze, eduze ...



## Titilope’s silly game Umdlalo oxakile kaTitilope



Sunday Okoh  
Félix Seminega  
Danisile Ntuli



Reproduced by kind permission of The Little Hands Trust and the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). To find out more about PRAESA, go to [www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).

Ikhiqizwe kabusha ngomusa wemvume yabakwaThe Little Hands Trust kanye nabakwaProject for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA). Ukuthola kabanzi ngabakwaPRAESA, iya ku-[www.praesa.org.za](http://www.praesa.org.za).



Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





Mama always warned her, “Don’t play with wasps, Titilope. They will sting you.” But Titilope didn’t listen.

UMama wayemkhaliwa njalo, “Ungadlali ngeminyovu, Titilope. Izokutinyela.” Kodwa uTitilope akazange alalele.



Prhl! Iminyovu yandizela entombazaneni encane. Yaqala ukumtinyela umzimba wakhe, wonke. “Eshu! Eshu! Yelekelani bo!” kwamemeza uTitilope. Kodwa akekho owamuzwa.

Prhl! The wasps flew at the little girl. They began to sting her all over her body. “Ow! Ow! Help!” Titilope cried. But no one heard her.

Poor Titilope’s face was covered with bumps. “I’ll never play with wasps again,” said Titilope.



Ubuso bukaTitilope bandla, babugcwele amaqhubu. “Angeke ngiphinde ngidlale ngeminyovu,” kwasho uTitilope.

Titilope liked to play with wasps. She would tie thread around their tiny waists and let them fly!

UTitilope wayethanda ukudlala ngeminyovu. Wayebopha intambo okhalweni lwayo oluncane bese eyidedela indize!






“It’s going to be wonderful,” said Mr Penguin.  
“You’re doing a good job,” said Mrs Penguin.


“Kuzoba kuhle ngokumangalisayo,” kwasho  
uMnu Phengwini.

“Wenza umsebenzi oncomekayo,” kwasho  
uNkk Phengwini.



Mrs Penguin sighed. She was  
doing all the work.

UNkk Phengwini waphefumulela  
phezulu. Wayenza wonke  
umsebenzi.



“I’m hungry,”  
said Gobbles.

“Ngilambile,”  
kwasho  
uMagwinya.



So the Penguin family set to work.

Ngakho umndeni  
wakwaPhengwini  
wagala  
ukusebenza.



“The stones are heavy,”  
gumbled Sissie.  
“Amatshhe ayasinda,”  
kukhononda uSisi.

“Gobbles, fetch plastic. Mr Penguin fetch the hammer.”  
“Gwinya, landa ipulastiki. Mnu Phengwini lethi isando.”



All day they worked.  
Basebenza usuku lonke.





“We’ll try again,” said Mr Penguin. “Come children, we’ll build Mama a mansion from stone.”

“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini. “Wozani zingane, sizokwakhela uMama isithabathaba ngamatshhe.”

At last the castle was finished ... but the tide came in and washed it away.



Ekugcineni isigodlo saqedwa ... kodwa igagasi lamanzi lafika lasikhukhula.



“I’m tired,” said Sissie.  
“Keep working,” said Mrs Penguin.  
“The measurements are wrong,” said Boetie.  
“Keep working,” said Mrs Penguin.  
“Ngikhathele,” kwasho uSisi.  
“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.  
“Ukukala kwakhona kunephutha,” kwasho uBhuti.  
“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.

“I’m still hungry,” said Gobbles.  
“Keep working,” said Mrs Penguin.  
“Mina ngisalambile,” kwasho uGwinya.  
“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.





## Story stars

### A reading warrior

Zukiswa Wanner is a literacy advocate and author of the children's books, *I love bananas* and *Refilwe*. She's also written six books for adults, one of which won an award.

This year's World Read Aloud Day story, *The final minute*, was written by Zukiswa and she was the storyteller at Nal'ibali's World Read Aloud Day event. We spoke to Zukiswa about the power of reading.

#### Do you think it's important for children to be read to in a language they understand?

Absolutely. I also think the more languages children can speak, the more empowering it is.

#### How did your love of reading and writing come about?

My love of reading started when I was a child because I saw my parents reading, and children tend to emulate their parents. Writing came to me much later. I had just returned home to South Africa, and I was working with the late Alf Kumalo at his museum. I found myself with a lot of free time between visits from tourists, archiving his amazing photograph portfolio, and writing proposals so the museum could get funding. I used this free time to write.

#### Whose responsibility is it to foster a culture of reading amongst our children?

I think it's a collective responsibility: family/guardians and schools. When I was at primary school in Zimbabwe, our timetable included 45 minutes of quiet reading in class every day. We also had a library period once a week where we would borrow books from the school library. We would generally finish our books so fast that we would circulate them amongst our classmates.

#### What's your favourite book and why?

I think it's next to impossible for any reader to have just one favourite book. I have too many favourites. As I read an average of two books a week, I am wary to name any one book because by the time this gets published, I may have a new favourite!



Daniel Born

Zukiswa Wanner

UZukiswa Wanner

## Abavelele ezindabeni

### Iqhawekazi lokufunda

UZukiswa Wanner uyisishosho sokufunda nokubhala kanye nombhali wezincwadi zezingane, *Ngithanda ubhanana* nethi *URefilwe*. Usebhale nezincwadi ezine zabantu abadala, enye yazo eyazuza umklomelo.

Indaba yanonyaka yoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale, ethi, *Umzuzu wokugcina*, yabhalwa nguZukiswa kanti wayengumxoxi wezindaba emcimbini kaNal'ibali woSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda Kuzwakale. Sakhuluma noZukiswa ngamandla okufunda.

#### Ucabanga ukuthi kubalulekile ukuthi izingane

##### zifundelwe ngolimi eziluzondisayo?

Nje. Ngicabanga nokuthi ukwazi kwezingane ukukhuluma izilimi eziningana, kuzinika amandla angaphezudlwana.

#### Lwakungena kanjani uthando lokufunda nokubhala?

Uthando lwami lokufunda lwaqala ngiseyingane ngoba ngangibona abazali bami befunda, kanti izingane zivamile ukulingisela abazali bazo. Ukubhala kwafika kimi kamva kakhulu. Ngangisanda kubuya nje ekhaya eNingizimu Afrika, futhi ngangisebenza nomufi u-Alf Kumalo emyuziyemu yakhe. Ngazithola nginesikhathi esiningi ngingenzi lutho phakathi kwesikhathi sokuvakasha kwezivakashi, sokugcina inhlanganisela yezithombe zakhe, kanye nokubhala izicelo ukuze imyuziyemu ikwazi ukuthola uxhaso. Ngasisebenzisa ngokubhala lesi sikhathi sokungenzi lutho.

#### Kungumsebenzi kabani ukuthuthukisa isiko lokufunda ezinganeni zethu?

Ngicabanga ukuthi kungumsebenzi ohlanganyelwayo: umndeni/abaqaphi kanye nezikole. Ngenkathi ngisesesikoleni samabanga aphansi eZimbabwe, ohlwini lwezifundo kwakufakwa nemizuzu engama-45 yokufunda buthule ekilasini nsuku zonke. Sasiphinde sibe nesikhathi somtapo wezincwadi kanye ngesonto nokuyilapho sasikwazi khona ukuboleka izincwadi emtatsheni wezincwadi wesikole. Sasijwayele ukuqeda izincwadi zethu ngokushesha ngangokuthi zazikwazi ukuzungeza kubalingani bethu basekilasini.

#### Iyiphi incwadi yakho oyithanda kakhulu futhi kungani?

Ngicabanga ukuthi kungacishe kungenzeki ukuthi noma yimuphi umfundi abe nencwadi enye vo ayithanda kakhulu. Nginezincwadi eziningi kakhulu engizithanda kakhulu. Njengoba ngifunda okungenani izincwadi ezimbili ngesonto, ngiyangabaza ukugagula incwadi ethile ngoba ngesikhathi lokhu kushicilelwa, kungase kwenzeke ngibe senginenye entsha engiyithanda kakhulu!



## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwekwezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.

**Motsweding FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.30 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali!

**Ku-Ikwekwezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni.

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni.

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni.

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni.

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni.

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama.

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni.

**Ku-Ukhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni.


**Ku-Umhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni.

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni.

**KuMotsweding FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.30 ekuseni.



# Busi's gift



Retold by Joanne Bloch ★ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

Busi was a little green frog who lived with her family next to a winding river in the Drakensberg mountains. Busi was a happy frog, but one thing made her sad. She looked different from her brothers, her sisters, and all the other frogs. Her face was the same. Her body was the same. But one of Busi's back legs was extra long and thick. Sometimes the other young frogs teased her about her strange leg, and this made Busi feel even worse.

"If only I looked like everybody else!" she often said with a sigh. "If only I wasn't so ugly!"

"What nonsense!" said Grandpa Frog.

"Grandpa is right!" said Mama Frog. "How can such a special little frog talk such nonsense?"

But Busi didn't believe them. When the frogs sat croaking on the bank of the river in the long summer evenings, Busi sat behind the rest of them so that no one would see her extra long back leg. And when they caught flies for lunch, she tucked that leg out of sight, so that she looked more like the others.



Further down the river, in a gloomy cave high up on the mountain lived a wicked eagle. "Stay far away from that eagle!" Mama Frog often warned.

One day, when Busi was feeling very sad, she decided to go for a swim on her own. "I'm too ugly to play with the others," she thought. "I'd rather spend the day alone."

The little frog swam for a long time, then she crawled out of the water to rest on the grassy river bank. Lying there in the sun, she looked up, and saw the eagle's cave.

"I'd better not stay here!" she thought to herself. She was about to jump back into the river when she heard voices drifting down from the cave.

"Sir," Busi heard a child's voice say, "I've swept the cave and prepared your lunch. Please may I go down to the river while you eat, so I can wash my dress? It's the only one I have now, and it's very dirty."

"Do you think I'm a fool, little girl?" shrieked a loud, angry voice. "If I let you go near the river, you'll just run away!"

"Oh no, Sir," the frog heard the child say. "I won't run away. You'll know I'm still here because you'll hear me beating my wet dress against the rocks until it is clean."



"Well, all right then," the cruel eagle said, "but be quick because there's lots more work for you to do!"

Busi watched as a young girl in a very dirty dress made her way down to the river. She sat down on the rock next to Busi, and started to cry.

"Don't cry, little girl," said the frog gently, but the child just cried more.

"Oh, Frog," she sobbed, "I'll never be able to go home again! That cruel eagle stole me from my village last week, and now I am his slave!"

Just then, they heard the eagle's harsh voice calling out from his cave, "Girl, are you still there? If I don't hear the sound of beating soon, you'll be in BIG trouble!"

"My friend," said Busi quickly, "you have no time to lose! Give me your dress, and then run away as fast as you can. I'll beat the dress against these rocks, and the eagle will hear the noise. By the time he finds out you've gone, you'll be home again with your mother!"

"Frog, you're so kind," said the girl. "But how can a tiny creature like you beat the dress hard enough to make a loud noise?"

"Well," said Busi, "you haven't seen my special, strong leg yet!"

Shyly, the frog showed the little girl her long, thick back leg, which had been tucked underneath her as usual. Then the child knew she had a chance. She pulled off her dress and dipped it into the water. When it was wet, she beat it against a big rock a few times. Then she passed the dress quickly to Busi. She kissed the frog on her forehead, whispered, "Thank you," and ran away.

**WHACK! WHACK! WHACK!** went the wet dress, as Busi slapped it against the rock for a long time. Her extra long leg was so powerful that it was easy for her to make a loud noise. It was only when the eagle again shouted for the girl to hurry up, that Busi threw the dress down, jumped into the river with a plop and swam away quickly.

"At last!" said Busi's mother when Busi reached home. "Where have you been?"

As she hugged Busi, she saw a glowing jewel on the little frog's forehead, right on the spot where the girl had kissed her.

"How beautiful you are!" said Mama Frog, and all Busi's brothers and sisters agreed. When Busi saw her reflection in the water, she smiled a huge, wide frog smile. She was happy that she looked so beautiful. But even more than that, she was happy that her extra long leg wasn't such a bad thing after all.






UBusi wayeyixoxo elincane eliluhlaza elalihlala nomndeni walo eduze komfula ogwincizayo ezintabeni zoKhahlamba. UBusi wayeyixoxo elithokozile, kodwa iyodwa into eyayimenza apha theke kabi. Wayebukeka ehlukile kuba fowabo, odadewabo, kanye nawo wonke amanye amaxoxo. Ubuso bakhe babufana nobamanye. Umzimba wakhe wawufana neminye. Kodwa omunye wemilenze kaBusi engemuva wawumude kakhulu kuneminye futhi uwugqinsi. Ngesinye isikhathi amanye amaxoxo amancane ayemgcona ngomlenze wakhe ongajwayelekile, kanti lokhu uBusi kwakumzisa ubuhlungu obedlulele.

“Ukuba nje ngangibukeka njengabanye!” wayevame ukusho njalo ephefumulela phezulu. “Ukuba nje bengingemubi kangaka!”

“Wumbhedo lowo!” kwasho uMkhulu Xoxo.

“Uqinisile uMkhulu!” kwasho uMama Xoxo. “Kwenzeka kanjani ukuthi ixoxo elincane elikhethekileyo likhulume umbhedo onjalo pho?”

UBusi akazange abakholwe. Ngenkathi amaxoxo ehlezi ekhala ezinkwazini zomfula ngokuhlwa okudonsayo kwasehlobo, uBusi wayehlezi ngemuva kwawo wonke ukuze ungabonwa nangelizodwa umlenze wakhe wangemuva omude kakhulu. Lapho amanye ebamba izimpukane njengesidlo sasemini, yena wayewufihla umlenze wakhe ungabonakali, ukuze abukeke efana namanye.



Ezansi nomfula, emhumeni omnyama owawuphezulu entabeni kwakuhlala ukhozi olunonya. “Ungasondeli kuloluya khozi!” uMama Xoxo wayevamise ukuxwayisa kanjalo.

Ngolunye usuku, lapho uBusi ezizwa edangele kakhulu, wanquma ukuba ayozibhukudela eyedwana nje. “Ngimubi kakhulu ukuthi ngingadlala nabanye,” kucabanga yena. “Kungcono ngichithe usuku ngingedwa nje.”

Ixoxo elincane labhukuda eside isikhathi, emva kwalokho lagaqa seliphuma emanzini ukuze liphumule ogwini olunotshani. Selilele lapho elangeni, labuka phezulu, lase liwubona umhume wokhozi.

“Kungangcono ngingahlali lapha!” lizicabangela. Kwase kusele kancane ukuba ligxumele phakathi futhi emfuleni ngenkathi lizwa amazwi ehla ephuma khona emhumeni.

“Mnumzane,” uBusi wayezwa kusho izwi lengane, “sengi wushanyelile umhume futhi ngalungisa nesidlo sasemini. Ngicela ukuthi ngiye phansi emfuleni ngenkathi wena udla, yikhona ngizohlanza ilokwe lami. Yilona kuphela esenginalo manje, kanti selingcole kakhulu.”

“Ucabanga ukuthi ngiyisilima yini, ntombazanyana?” kuklewula izwi elikhulu nelinolaka. “Uma ngingakuvumela uye eduze komfula, uyovele ubaleke!”

“Awu, ngeke, Mnumzane,” ixoxo lezwa ingane isho kanjalo. “Ngeke ngize ngibaleke. Uzozwa nje ukuthi ngisekhona lapha ngoba uzongizwa ngibhula ilokwe lami elimanzi emadwaleni lize lome.”



“O, kulungile-ke,” kwasho ukhozi olunonya, “kodwa kuzomele usheshe ngoba mningi umsebenzi okusamele uwenze!”

UBusi wabuka intombazane esencane igqoke ilokwe elingcole lesabeka ngenkathi ihamba iqonde phansi emfuleni. Yahlala phansi edwaleni eliseduze kukaBusi, yayisiqala ukukhala.

“Ungakhali, ntombazanyana,” kusho ixoxo ngeliphansi, kodwa ingane yavele yakhala kakhulu.

“Wo hhe, Xoxo,” yasho ikhala, “Ngeke ngiphinde ngikwazi ukuya ekhaya! Loluya khozi olunonya lwangintshontsha emzini wakithi ngesonto eledlule, manje sengiyisigqila salo!”

Kungaleso sikhathi lapho bezwa khona izwi lokhozi elinolaka limemeza kakhulu liphuma emhumeni walo, “Ntombazane, usekhona lapho? Uma ngingawuzwa umsindo wokubhulwa kwengubo masinyane nje, uzoba senkingeni ENKULU!”

“Mngani wami,” kwasho uBusi ngokushesha, “akukho sikhathi esizokuchithekela! Nginikeze ilokwe lakho, bese uyabaleka ngokushesha okungangamandla akho. Ngizoyibhula le ngubo kula madwala, futhi ukhozi luzowuzwa umsindo. Ngenkathi seluthola ukuthi usuhambile, uzobe ususekhaya, usunonyoko futhi!”

“Xoxo, awuve unomusa,” kwasho intombazane. “Kodwa singakwenza kanjani isilwane esincane njengawe ukuba sibhule ilokwe ngamandla anele ukuthi kwenzeke umsindo omkhulu?”

“Hhayi-ke,” kwasho uBusi, “awukaze uwubone umlenze wami wekhethelo noqinileyo!”

Ngamahlonyana ixoxo lakhombisa intombazanyana umlenze walo omude nolugqinsi, elaliwufihle ngemuva njengenjwayelo. Ingane yabe isibona ukuthi inaloluthuba. Yalikhumula ilokwe layo maqede yalifaka phakathi emanzini. Lithe uma selimanzi, yalibhula edwaleni elikhulu kaningana. Emva kwalokho yabe isidlulisela ilokwe kuBusi ngokushesha. Yayisiqabula ixoxo esiphongweni, yanyenyeza ithi, “Ngiyabonga,” emva kwalokho yabaleka.

**KHWA! KHWA! KHWA!** kukhala ilokwe elimanzi, ngenkathi uBusi elibhaxula edwaleni isikhathi eside. Umlenze wakhe omude kakhulu wawunamandla ngendlela yokuthi kwakulula kakhulu kuye ukwenza umsindo ozwakalayo. Kwaze konakala lapho ukhozi seluthetha futhi lutshela intombazane ukuthi ayisheshise, uBusi wayeselahlala ilokwe phansi, wagxuma wangena emfuleni, ethi gxumbu maqede ebhukuda ngokubaleka eshesha.

“Ekugcineni!” kwasho unina kaBusi ngenkathi uBusi efika ekhaya. “Ubukuphi?”

Ngenkathi anga uBusi, wabona ubucwebe obumanyazelayo esiphongweni sexoxo elincane, lapho nje intombazane ibiliqabule khona.

“Awuve umhle bo!” kwasho uMama Xoxo, nabafowabo kanye nodadewabo bakaBusi bavumelana ngalokho. UBusi wathi uma ebona umfanekiso wakhe uma ezibuka emanzini, wagcwala ukumamatheka okukhulu nokubanzi kwaxoxo. Wayethokozile ngokubukeka emuhle kangaka. Kodwa ngaphezu kwalokho, wayethokozile ngokuthi umlenze wakhe omude kakhulu wawungeyona into embi kangako.





# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

Look at these pictures from *Titilope's silly game*. Number the pictures so that they match the order in which things happen in the story. Now use the pictures to retell the story in your own way.


Bheka lezi zithombe eziphuma endabeni ethi, *Umdlalo oxakile kaTitilope*. Faka izinombolo ezithombeni ukuze ziqondane nokulandelana kokwenzeka kwezehlakalo endabeni. Manje-ke sebenzisa izithombe ukuxoxa kabusha indaba ngeyakho indlela.



2.

Do you know these Nal'ibali characters?

Uyabazi laba balingiswa bakwaNal'ibali?



Mrs Dube is the Grade 1 teacher at the primary school that Bella, Thembi, Neo, Priya, Hope and Josh go to. Mrs Dube loves reading, and reading stories to her class is the favourite part of her day! She also runs the school's reading club.

UNkk Dube uthisha weBanga loku-1 esikoleni samabanga aphansi lapho uBella, uThembi, uNeo, uPriya, uHope noJosh befunda khona. UNkk Dube uyakuthanda ukufunda kanti ukufunda izindaba ekilasini lakhe iyona ngxenye yosuku lwakhe ayikhonzile! Uphinde apha the ithimba lokufunda lesikole.

Thembi is 6 years old and in Grade 1. Thembi loves making up stories and drawing pictures. She is learning how to write. Can you guess what word she is writing? That's right – it's her name!

UThembi uneminyaka eyisi-6 ubudala kanti useBangeni loku-1. UThembi uyakuthanda ukuziqambela izindaba nokudweba izithombe. Ufunda indlela yokubhala. Ungaqagela ukuthi yiliphi igama alibhalayo? Ushaye khona – yigama lakhe!

Answer/Impendulo: (1) 3, 1, 1, 4, 2

Need copies of this supplement in other languages or copies of older supplements? Download them for free at: [www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive](http://www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive).



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashela ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ngabe uyawadinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi noma izithasiselo ezindala? Zikhiphele wona mahhala kusizindalwazi: [www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive](http://www.nalibali.org/story-supplies/multilingual-supplement-archive).

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SW  
Sunday  
World



Drive your  
imagination